


KWASIZABANTU MINISTERS' CONFERENCE



Private Bag 252 KwaSizabantu 3285 R.S.A. Tel: (032) 481-5500 Fax: (032) 481-5510
www.kwasizabantu.com/Ministers_conference/conf.htm - ministersconference@kwasizabantu.com

Isimemo seNgqungquthela yabeFundisi eMishini KwaSizabantu 2 - 4 Mashi 2009

UKUPHUTHUMA KWEHORA

*“Ngakho-ke bhekisani ukuthi nihamba kanjani, kungabi njengabangahlakaniphile kepha njengabahlakaniphileyo, nithengisise isikhathi, ngokuba izinsuku zimbi.”
(Ef. 5:15-16)*

Sihlobo esithandekayo eNkosini

Sithanda ukukumemela kwiNgqungquthela yabeFundisi elandelayo eNingizimu Afrika ehlelelwe umhla ka **2 kuya ku 4 Mashi 2009**, eMishini KwaSizabantu, uma iNkosi ivuma. Siyoqala ngoMsombuluko ebusuku siphethe ngoLwesithathu ebusuku. Siyanxusa ukuba uthandaze ngalesi simemo esiqondene nawe, owakwakho nanoma ngobani abanye enibambisene nabo emsebenzini weNkosi.

Ngokubheka izikhathi eziphuthumayo esiphila kuzo, isihloko-mgomo esithi **‘UKUPHUTHUMA KWEHORA’** sikhethwe ngamabomu ukukhumbuza wonke umntwana kaNkulunkulu ukuba abe matasatasa “...ngemisebenzi yongithumileyo kusesemini; buyeza ubusuku lapho kungesebenze muntu” (Joh. 9:4). Sengathi uNkulunkulu angasipha ukuthi lengqungquthela ifeze lowomgomo okhombisa ukusondela kwesikhathi sokuphela, ukuze wonke umuntu oyisisebenzi seNkosi abone ukuthi sekuyisikhathi sini ewashini likaNkulunkulu bese eba matasatasa ngalokho uNkulunkulu adinga sibe matasatasa ngakho.

IZIKHULUMI:

Ezinye zezikhulumi esezisemukelile isimemo sokuba yingxenye yengqungquthela yilezi:-

- Umf. Joseph **CHAUKE** Africa Youth Evangelism
- Umf. Dany **HAMEAU** Umongameli we-Evangelical Federation of France
- Prof. Fika J **VAN RENSBURG** Usolwazi emnyangweni weThestamente eLisha emkha-kheni weTheology eNyuvesi yase North West, Potchefstroom
- Umf. Sydney TM **MBATHA** St Joseph, iBandla lamaSheshi, Olundi

- Umf. Ernst **TANNER** Umsunguli nomongameli weHelimission, eSwitzerland
- Umf. Leonard **SANKEY** Umfundisi wase-Faith Mission Church eMelika; Unobhala-jikelele we-Interchurch Holiness Convention

Eminye imininingwane ngezikhulumi izolandela.

Sicela usheshe usibuyisele impendulo, kungaba ngocingo, ngesikhahlamezi noma nge-email (ikheli yilo elingenhla). Sicela usinike uhlu lwamagama alabo abangathanda ukufika; usihlukanisele ukuthi bangaki abashadile (couples), abesilisa noma abesifazane. Ungabhalisa futhi kwi-website yethu ethi: www.kwasizabantu.com. Uma unemibuzo ungasebenzisa ikheli lethu le e-mail elithi: ministersconference@kwasizabantu.com.

Okuya ethunjini nendawo yokulala kuyotholakala mahhala; singacela nje ukuba niphathe okokulala uma kungenzeka. Siyolekelela ngezinto zokuhamba kulabo abasuka kude kusukela eThekwini esikhumulweni sezindiza, esiteshini sezitimela nasesitobhini samabhasi. Siyocela ukuba usinike isikhathi odinga ukulandwa ngaso.

Sesiyolindela impendulo yakho.

Owakho emsebenzini weNkosi

Umf. Erlo Stegen
UMQONDISI WEMISHINI YAKWASIZABANTU

"Umyeni esalibele, zozela zonke, zalala. Kepha phakathi kobusuku kwamenyezwa ukuthi: 'Nangu umyeni; phumani niye kumhlangabeza!'... Ngakho lindani, ngokuba anilwazi usuku nehora iNdodana yomuntu eyakufika ngalo." (Math. 25:5-6, 13)

"Zibusisiwe lezozinceku okuyakuthi inkosi, nxa ifika, izifumane zilindile." (Luk. 12:37a)

"Yenzani lokhu, njengokuba nazi isikhathi ukuthi sekuyihora lokuba nivuke ebuthongweni; ngokuba manje insindiso isisondele kithi kunaleso sikhathi esaqala ukukholwa ngaso. Ubusuku sebuyaphela, imini isisondele. Ngakho-ke asilahle imisebenzi yobumnyama, sihlome izikhali zokukhanya." (Rom 13:11-12)